basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2012

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

Isiqephu A:	Amaminithi angama-80
Isiqephu B:	Amaminithi angama-40
Isiqephu C:	Amaminithi angama-30

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: (INDABA)
- Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: (IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO
- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: (IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO)
- Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Othisha nabazali babhekene nenkinga yokukhulelwa kwezingane ezikoleni. Kubukeka sengathi imizamo yokufundisa intsha ngezocansi ayiphumeleli. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ukukhulelwa Kwentsha Ezikoleni. **[50]**

1.2 Selokhu kwathatha uHulumeni weNtando yeNingi, asemaningi kakhulu amaqembu aphikisayo kwezepolitiki eNingizimu Afrika. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ukwanda Kwamaqembu Aphikisayo ENingizimu Afrika. **[50]**

1.3 Kudala indoda yayiyindoda ngezinkomo zayo nenani lamakhosikazi eyayinalo. Ngokufika kwempucuko ukuba namakhosikazi amaningi kwaba yinto ebukeleka phansi. Kamuva nje amadoda amaningi anemali aganwa/ashada amakhosikazi amaningi, amahle futhi afundile. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Yini Eyenza Izintombi Ezinhle Futhi Ezifundile Zivume Ukugana Esithenjini? **[50]**

1.4 Bhala indaba uxoxe ngezinto ezenziwa nguHulumeni ukubhekelela/ ukubonelela amalungelo abantu abasha. Nika indaba yakho isihloko. **[50]**

1.5 Kubalulekile ukuthi umuntu alalele abadala uma bembonisa. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Kuhle ukulalela abazali/abadala. **[50]**

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngalokho okukufikelayo emqondweni. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.

1.6.1



[50]

1.6.2

[50]

1.6.3   **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 Uhlala esikoleni efulethini untshontshelwe zonke izimpahla zakho wasala ngalokhu obukugqokile kuphela. Bhalela umzali wakho **incwadi** umchazele ngenkinga obhekene nayo **[30]**

2.2 Umalume wakho obengusaziwayo uvelelwe yingozi yemoto washona. Bhala **umlando kamufi** ozofundwa emngcwabeni wakhe. **[30]**

2.3 Uyintatheli yephephandaba eliphuma nsuku zonke. Umhleli ukucelile ukuthi ubhale i-athikhili (article) ngokubaluleka kokongiwa kukagesi. Bhala **i-athikhili** ezophuma/ezobhalwa kuleli phephandaba.` **[30]**

2.4 Abafundi besikole ofunda kuso bebenomhlangano bezwakalisa izikhalo zabo ngokushoda/ngokungabibikho kwezinsizakufunda (resources). Wena njengonobhala wesigungu sabafundi (RCL) umphathisikole ukucele ukuthi ubhale umbiko. Bhala **umbiko** ozothunyelwa eMnyangweni wezeMfundo. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 Inkampani oyisebenzelayo ihlela umcimbi womculo ozoba sehholo elithize. Bhala **isikhangisi** ozokwazisa ngaso abathandi bomculo ngalo mcimbi ufake yonke imininingwane edingekayo. **[20]**

3.2 Kuvalwe izikole, usesiqiwini (game reserve). Bhalela umama wakho **iphosikhadi** umxoxele ngokubonayo. **[20]**

3.3 UThulani usuka kwaNkosi ufuna ukuya eNada Stationeries kodwa akayazi indlela. Sebenzisa le **nkombandlela** umchazele ukuthi kufanele ahambe kanjani.



[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100